



iBandla nomHlaba

Izindaba ezivela kwi Church Land Programme



Abesimame Nomhlaba: Izindaba Ezivela Kubantu

Umthetho ongunombolo 108 ka 1996 okuMthetho Sisekelo waseNingizimu Afrika uthi abantu besimame banamalungelo, kubandakanya nelungelo lokuba nomhlaba nokuwusebenzisa (Isigaba 9, isigatshana 3 no 4 kanye nesigaba 25, izigatshana 1 no 6). Ingoba abantu abanangi besimame nezingane zabo bathembele kuwona umhlaba ukuze baziphilise-umhlaba uyinzuzu kubona. Nakuwa ilungelo lomhlaba lishicilelwephepheni, umlando uveza ukuthi kumele siyihlaziye futhi siyicabangisise kabanzi indaba yomhlaba eNingizimu Afrika. Ngeke sithathe izinto kalula.

Leliphephandaba libheka ekutheni kwenzekani kubantu besimane nezinganezabo abahlala emhlabeni. Libheka indlala okuhlukunyza ngayo amalungelo omhlaba abantu besifazane, liphinde libeke indlala yesankahlu okupathwa ngayo abesifzane. Lisioxela izindaba zabo ezikhulumu nezikombisa ngokuhlukunyza kwamalungelo lapho kunabantu abazama ukubaphoqa ukuba bashiye imihlaba yabo. Lezi yizindaba ezivela kubantukazana ayi izinkinsela. Leliphepha libuye lisigqugquzele ukuba sizimbandakanye nabesimame ekuvikeleni amalungelo abo ukuba bakwazi ukuwusebenzisa nokuwuphatha unhlaba okuyinto asebeyenze iminyaka ngeminyaka.

UNkosikazi Ngema wase Dingaanstat, KwaZulu-Natal

Emva kokusebenza iminyaka engaphezu kwamashumi amathathu njengonkhonzi wepulazi, uNkosikazi Khulelaphi Ngema, ongumfelokazi ohlala epulazini unezinkomo eziyishiyagalombili qhwaba, izinkukhu ezimbawla kanye nezimbuvi, akanawo amanzi, amsu oukthutha ukungola (sanitation) nogesi. Usehlale kulomhlaba cishe impilo yakhe yonke, kodwa akavunyelwe ukuzakhela indlu yakhe yange mpela, njengalokhu ehlala eqhugwaneni lodaka. Kulelelipulazi elingelesonto, uNkosikazi Ngema wasebenza 'njengomkhonzi wepulazi' okungukuthi esezenza kodwa engaholi yonke leminyaka. Umholo wakhe kwakuba amalungelo omhlaba,



Emva kweminyaka engamashumi amathathu unkosikazi wakwa-Ngema eyisikhonzi sepulazi, engaphansi kwengcineziyokushiya umhlaba nendlu yakhe

Emva kweminyaka engaphezu kwamashumi amathathu engumsebenzi wasemapulazini, uNkosikazi Ngema ungaphansi kwengcineziyokushiya indlu nomhlaba wakhe. Umtetho waBasebenzi Abakhonze Emapalizini ongunombolo 3 ka 1996 (Labour Tenants Act 3 of 1996) "unika ukuvikeleka kobunikazi bomhlaba babasebenzi abakhonze emapulazini abanezindawo noma labo abahlezi kulomhlaba ngenxa yokusebenza kuwona noma, unikeza nelungelo lokuwusebenzisa lowomhlaba, unkize ukuvikeleka nakokunye okumayelana nalowomhlaba". Isigaba 6 salomthetho siphinde sithi umnini wendawo (okuyi onto kuloludab) akaphoolekile ukweseke ukuxoshwa kwabasebenzi abakhonze epulazini lakhe (okungu Nkosikazi Ngema kuloludab) noma ngabe ubani (njengaba MAFA).

ngamanyi amazwi: ilungelo lokudlisa imfuyo eddelweli kanye nelungelo lokwakha iqhugwana. Ngonyaka ka 2004, iningi lezinkomo zikaNkosikazi Ngema zadliwa zathathwa zayodaya-wisa ngoba umlimi owayegade ipulazi lesonto wayenganeme ngenani lezinkomo, njengamanje uNkosikazi Ngema usacela abangani nezihlobo ukuba bamgcinele ezinye zezinkomo.

Manje isonto limfaka ingcindezi uNkosikazi Ngema ukuba athole enye indawo yokuhlala. Imbangela yalesisenzo ukuba kuthengiselwe AMAFA/Heritage Association umhlaba. Lokhu kuyingxene yesu lezokuvakasha (tourism) elithintene nama-bhizinisi amakhulu kanye nohulumeni, elidinga umhlaba omkhulu endaweni. Lesisenzo sitikameza imizi eminingi esemapalizini ayisithupha ehlukene kanye nesikole samabanga aphanis- bonke bangaphanis kwengcinezzi yokuthi kumele bafuduke endaweni asebhiale kuyo izizukulwane ngezizukulwane. Lokhu kwenzeka nakuba eminye yalemindenai yayifake isicelo sokubuyiselwa umhlaba eMnyangweni wezemihlaba (DLA). Unkosikazi Ngema akanayo indawo lapho engaya khona, yena kanye nabantwana bakhe baqoka ukuba bajoyine umbutho wabahlali base mapulazini basendaweni nabakkewenze izindawo ngenhlosa yokuzimazisana uma behlukunezwa.

Unkosikazi Ngema uthi: "Asikwazi ukuqhubeka ezimpilo zethu. Singthanda ukwakha ezinye izakhiwo kodwa ngenxa yokuhalela ovalweni asikwazi ukukwenza lokho ngoba asinaso isiqiniseko sokuthi angeke sixoshwe. Izinkomo zami zigcinwe kwamanye amapulazi, abaaMafa sebefake ucingo osekungenza ngizwe engathi imfuyo yami iyangokuya iqhelelana nami."

UNkosikazi Mke wase Kennedy Road, eThekwini

Omame abahlala emijondolo yasendaweni ebizwa ngokuthi Kennedy Road basebenzisana ndawonye nabanye abahlala kweminye imijondolo emzabalaweni wokulwela amalungelo abo ezindlu kanye nomhlaba. Ngo September kunya odlule, usihlalo nosekela wakhe kwinhlangano yaBahlali Basemijondolo bahlaselwa ngamaphoyisa ngendlela engekho emthethweni, babuye baboshwa, abantu abangaphezulu kwamakhulu amahlulu bahlangana ehhola lomphakathi belinlele ukuzwa ukuthi kwakuzokwenzekani emva kwaleehlakalo. Kwathunyelwa umyayezo ngomakhala ekhukhwini (SMS) kulabo ababesiteshini samaphoyisa ukuzwa ukuthi bangayitholayini ibheyili. Amaphoyisa enqaba ukukhipha ibheyili. Uma kuzwakala lowombiko emhlanganweni iqembu labesimame ababengaphambili lakhetha ukumasha kuyiwe esiteshini samaphoyisa.

Kwathi kungakapheli mizuzu mingaki umphakathi usuzophumela emgwaqenibhekise amabombo kwasidlodlo yase isiqhamukile ingaloyomthetho, ngalekokuxwayisa umphakathi ukuthi uhlakazeke yavele yahlwayela ngezinhlamu zenjoloba nezomthofu imbalu nasehholo imbalu. Kwakudutshulwa kwasani ehamaba emgwaqweni naphakathi kwemijondolo.

Owesifazane oneminyaka elinganisela kweyamashumi amahlulu unkosikazi Nondumiso Mke wadutshulwa emlenzeni wangakwesokudla wathola nemihuzuko. Waxhugela waze wafika ehovisi elingaphansi kwehhlo kuKennedy Road lapho afike wathola khona usizo. Abangani bakhe bamthaththa bamphuthumisa esibhledla lapho afika khona wathola usizo, wahlinzwa ukuze kukhishwe inhlavu esithweni sakhe. UNkosikazi Mke wadutshulwa ngaphandle kokulwisana noma

abakhombise ukuba ingozi kwabakwasidlodlo, akazange futhi abasabise ngalutho. Wabe esevulela amaphoyisa icala lokuzama ukumbulala.

UNkosikazi Mke wayemasha futhi ebhikisha ngokuthula nakuba kunjalo amaphoyisa amdubula.

Umthetho Sisekelo uthi esigabeni 17 "wonke umuntu unelungelo, ngokuthula engahlomile, lokuhlanganyela, ukubhikisha, nokuletha uhla Iwezikhalazo." Umthetho wokuHlanganya (Gatherings Act) ongunombolo 205 ka 1993 uveza kabanzi ngalelulgelo. Kwisigaba 5 (1) kwiSilawulo somThetho wokuHlangana (Regulation of Gatherings Act) kugunyazwa ukuvijnja kokuhlanaganana (noma imashi, ngokwakulendaba) uma "... kunokwesabela ukuthi lokho kuhlangana kungaholek euphazamiseni ukuhamba kwezimoto noma abantu, ukulimala kwabantu ababambe iqhaza noma abanye, noma ukulinyazwa kwempahlala, noma amaphoyisa kanye namaphoyisa omgwaqo athintekayo engeke akwazi ukusivimbela lelisismo uma sidaleka ..."

Ugogo Masikane wase Rietvlei, KwaZulu-Natal

Ugogo Masikane nomyeni wakhe bahlala futhi basebenza epulazini iminyaka engaphezulu kwamashumi ayisithupha endaweni yase Rietvlei ngaseMdlovana (Greytown). Loluhlelo lathatha isikhathi eside njengoba nabanikazi bepulazi lelo babesina bededelana ngokudayiselana Iona. Ngonyaka ka 2002 ipulazi lathengwa ngomunye umlimi owabe esewazisa umndeni wakwaMasikane ukuthi akazimisele ukuqhubeka nokuwuqasha. Wabuye wabaphoqa ukuba bahlukane nemfuyo yabo, bayeke nokulima. Waqhubele wavalu ipayipi lamanzi, wabhidliza nendlu yabo, wasehluthulela umnyango wendlwana yabo okwase kuyiyonanto abase beselenayo vo. Okungukuthi njengamanje bahlala bengabantu abadala abane nezinganyana kwindlu enamagumbi amabili.

Nyakenye umninipulazi wagasela umndeni wakwaMasikane, wabasasazela ngezinja. Waphinda wahlasela ugogo Masikane ngenhlosa emsukela ngesithuthuthu, yize noma wayesemdalal futhi engasaboni emehlweni. Emva kwasikhathi washona ngenxa yokulimala. Ukudlula kwakhe emhlabeni akusho nje kuphela ukuthi umndeni walahlekelwa yinhloko yekhaya, kodwa balahlekelwa nayimpesheni kagogo ebisia ngokukhkhela abantwana imali yesikole. Okungukuthi abantwana abasakwazi ukuya esikoleni.

Umndeni wakwaMasikane wawufisa ukuba umngcwabe ugo-go Masikane eduze neliba lomnyeni wakhe kodwa umnikazi wepulazi akabavumelanga. Emva kokusizwa abakwa KZN Land Legal Cluster ukuba bathole invume enkantolo, umndeni wakwazi ukukhweza umama. Emva komgcwabo umnikazi wepulazi wahlasela umnumzane Masikane, oyindodana kamufi, kusukela nkuleso sigameko useyaxhuga. Indaba kagogo Irene Masikane ibuhlungu kakhulu, ingalo yomthetho isayilwa lempi njengoba umndeni sewafaka izimangalo zama-calamaningi enziwa ngumnikazi wepulazi futhi balubhekile nosizo ekulweni lempi.

continued overleaf ...

Ugogo Masikane waphathwa wabuye wajejiswa ngendlela ewubugebengu, enganabo ubuntu nephathisa amahloni, lokhu kwaholela ekutheni adlule emhlabeni. UMthetho Sisekelo kwiSigaba 12, neSigatshana 1 (c), (d) no (e) uthi wonke umuntu unelungelo lokukhululeka nokuvikeleka, unelungelo lokukhululeka kukho konke ukuhlukumezeka okungaba semehlwani eze lonke noma kube yimfihlo; angaphathwa noma ajejiswe ngendlela yobugebengu, nengenabo ubuntu neyihlazo."

Kwesokudla: Umndeni kaGogo Masikane



Izinto eziyi 10 esingazenza ngamalungelo omhlaba abesimame

Umphakathi noma iqenjana labesimame bangawalwela kanjani amalungelo emhlaba, futhi baqiniseke ukuthi ayahlonishwa? Lezi izindlela okungaqlwa ngazo:

1. Abesimame bangathola amandla ngokuba baxoxisane be-bodwa mayelana nokudicilewa phansi kwamalungelo abo ezemihlabo okwenzekayo. Ukuoxa kuyasiza ukuba sithole amandla nokuzethemba ukuze kubekhona esikwenzayo.
2. Omame bangahlangana bodwa, bazilungiselele bathathe isinqumo. Inani labantu besimame abayizishoshovu be-lwela amalungelo omhlaba eningizimu ne-Afrika liyakhula.
3. Omame akumele balindele ukugunyazwa imithetho noma abantu besilisa basemiphakathini ukuvikela amalungelo emhlaba. Singazenzela ngokwethu singabesimame.
4. Singabantu besimame kumele saziswe ngamalungelo ethu asomqulwini woMthetho Sisekelo noshicilewe ngokuse-mthethweni.
5. Kumele sicabange kabanzi ngesikholelwa kukho: ingabe siyakholelwa ekutheni abantu besimame kumele babe nomhlaba wabo?
6. Abesimame abahlala emhlabeni ongampulazi nasezindaweni zokhokho babo banelungelo lokuqhubea bahlale kuwona.
7. Abesimame bangalibamba iqhaza ekuvikeleni amalungelo abo nawomhlaba. Akumele sidikibale ngenxa yokungaboni ngaso linye.
8. Abesimame bangakha ubudlelwano nabanye besimame futhi baqine. Akumele bazimele ngabodwana.
9. Kumele sikwaziswe ukuthi kunolwazi olungasetshenziswa ngabantu besifazane olungabasiza bakhule bakwazi ukuyilwa impi yomhlaba.
10. Uma sinelungelo lokusebenzisa uthelofoni, singaluthola usizo ezinhlanganweni ezizimele njenge Freedom of Expression Institute etholakala (011-403-8403). I-KZN Land Legal Cluster (033-345-7607); kanye ne Legal Resources Centre (031-301-7572).



Abaholi Bamabandla Bathi

"Ukuhlukunyezwa nokungabi khona konulungiswa okubhkisiwe kubanikazi bomhlaba besimame eNingizimu Afrika abamukeleki. Thina njenge District of Natal Coastal yebandla lama Methodist Church of Southern Africa siyalugxeka lolunya, futhi sizakalisa ukubaseka abesimame abahlale engozini yokulahlekela ubunikazi bomhlaba. Kuyisifiso sami ukuthi onke amaKrestu ezweni lethu abe isiphephelo kulaba besimame abahlukunyeziwe futhi azwelane nabo."

amazwi kamBishobhi Purity Malinga
KwisiFunda sasoGwini laseNatali-MCSA
Senior Vice President: SACC


"Izenzo zokuhlukunyezwa nokwesabisa abantu besimame ikakhulukazi labo abanemihlabo eNingizimu Afrika zimele ukugxekwa. Thina siyibandla lama Sheshi (Anglican) esifundazweni saseNatal (CPSA) siyazwelana nabesimame amlungelo abo obunikazi bomhlaba busengozini-siyabaseka ngokuphelele. Kuyifiso sami ukuthi onke amabandla ezweni lethu abe yizindawo zokuphephela abesiamame aphinde azwelane nabo emzabalazweni wabo wokuvikela ubunikazi bomhlaba."

UmBishobhi Rubin Phillip
KwiSinodi yase Natali
kwiBandla LamaSheshi



"Ngokulandela isibonelo yeNkosi yethu uJesu Krestu nemfundiso kaPhapha uBenedict XVI zokuzi-bophezelu ekusebnzeleni ukuthula nokubuyisana, njenge Bandla lama Khatholika esifundazweni saKwaZulu-Natal siyakugxeka ukusetshenziswa kodlame nokusatshiswa kwabesifazane, ika-khulu labo abangabanikazi bomhlaba. Ngokungangabazeki siyabaseka abesimame nabesilisa abamalungelo abo obunikazi bomhlaba nempahla busengozini, futhi sinxusa bonke abaholi ebandleni lama Khatholika ukuba baqinisekise ukuthi amaBandla ezweni lonke abazingqaba zokuphephela labo amalungelo abo ayahlukunyezwa noma ngayiphi indlala. Masenze ukuzwelana kwethu nabahlwempu nabadingayo kubonakale."

Wilfrid Cardinal Napier OFM
Archbishop of Durban
President: Southern African Catholic Bishops' Conference



Wena Qhawekazi

Ibhalwe ngu Mthutheni G F Dlamini

Wasishiya

Wasishiya siloyiza njengamatshwele.

Wasishiya sikhungekile

Sabona ukhozi likuthatha

Amaphupho ethu ashabalala

Sazitshela ukuthi kuphelile

Sasingazi ukuthi wena nemfundo yakho ejulile wazikangcono

Wabalekela kuMgungundlovu

Ezazini zomthetho namandla zahlokoma

Baviva ngochwepheshe bezazimithetho

Baviva ukuze balwe impi yasetafuleni

Ngenxa yolwazi lakho olungcono
kunolwethi awuzange ugcine lapho
waqhubea wathinta ngisho neTheku
nalolahlokoma
Sasicabanga ukuthi awukafundiseki
kodwa ukwazile ukuphoqa
ongqondongqondo
Ukwazile ngisho ukufnyelela ko-
Bloemfontein nasephalamende
wabanyakazisa

Ngokunqoba kwakho uphenduke iqhawe
Uyilwile impi kaBhambatha,
uyisizukulwane sika Bhambhatha
Phakathi kwabantu abafile angeke ulale
uphumule
Ulele phakathi kwabo khona uzokwazi
ukuvusa labo abalele
Ulwile ngisho ekufeni yize wena uphila
ufile

Namhlanje sidla izithelo zobuqhawe
Ubuqhawe lobu obuvezileyo
Lala phakathi kwalabo abalele
ngokuthula kodwa ungazumeki
Lala nomoya wamadlozi ungozeli
Wenaqhawe, sizukulwane sikaManciza

Lenkondlo ibhalwe indodana kamama ongasekho emhlabeni uNkosikazi Getrude Ntombi Dlamini waseFawnleas esifundeni saKwaZulu-Natal. Umndeni wakwa Nkosikazi Dlamini wanqatshelwa amalungelo awo okumngcwaba umama wabo emhlabeni oyipulazi abase behlale kuyona isikhathi eside. Emva kokuba sebelilwile icala eNkantolo yase Bloemfontein, umndeni wabuye walizuza ilungelo lokungcwaba. Ngomhlaka 7 October 2006 amathambo kaNkosikazi Dlamini aphinde angcwatshwa ngokusemthethweni. UNkosikazi Dlamini uwalwele amalungelo akhe okuthola umhlaba ngisho esesethuneni.

Awusioxole Eyakho Indaba

Ithini eyakho indatshana ngamalungelo abantu besimame ekubeni nomhlaba adicilelwu phansi? Sifuna ukuzwa ngawe. Uma ngabewena noma umphakathi wakho ufisa ukusioxole noma ukuthumela isikhala, sibhalele:

iBandla nomHlaba

Suite 23 Postnet, Private Bag X9005
Pietermaritzburg, 3200